| | |
|---|---|
| **Igama Lombhalo:** | **Inqubomgomo Yezilimi** |
| **Inombolo Yombhalo:** | **C&L/POL/03/2026-2028** |
| **Ukusetshenziswa:** | **IsiPhathimandla Sokuziphatha Komkhakha Wezezimali** |
| **Ukuthola izincomo** | **USihlalo Wekomidi Lokuphatha Amasu** |
| **Ukugunyazwa** | **IKomidi Eliphethe** |
| **Iqala Ukusebenza Kusukela ku:-** | **1 Ephreli 2026** |
| **Yakhiwe Ngu:-** | **UMnyango Wezokuxhumana** |
| **Ibuyekezwe ngo:-** | **27 Mashi 2026** |

## Ikhasi Lokugunyazwa Kombhalo

### Umnikazi Wombhalo:

| IGAMA | ISIKHUNDLA | ISIGINESHA | USUKU |
|---|---|---|---|
| Tembisa Marele | Inhloko yoMnyango: Ezokuxhumana | | |

### Umbhalo Unconywe ngu:-

| SIHLALO WEKOMIDI | | ISIGINESHA | USUKU |
|---|---|---|---|
| USihlalo Wekomidi Lokuphatha Amasu | | | |

### Ukugunyazwa Kombhalo:

| SIHLALO WEKOMIDI | | ISIGINESHA | USUKU |
|---|---|---|---|
| IKomidi Eliphethe | UKhomishana | | |

### Ukulawulwa Kwenguqulo kanye Nesifinyezo Sezinguquko:

| NO. | INCAZELO YEZINGUQUKO |
|---|---|
| 1. | Lena yinqubomgomo yokuqala eyakhiwayo ukuze ihambisane nefomethi yezinqubomgomo ze-FSCA. |
| 2. | Ukwengezwa kwezincazelo ezithile, amathuluzi omthetho. |

### Isikhathi Sokubuyekeza Esiyimpoqo:

| |
|---|
| Izobuyekezwa njalo eminyakeni emibili. |

## 1. IZINCAZELO

Kule Nqubomgomo, ngaphandle uma umongo ubonisa okunye:

1.1 "I-Braille" isho uhlobo lolimi olubhaliwe lwabantu abayizimpumputhe, lapho izinhlamvu zimelelwa khona ngamaphethini amachashazi aphakanyisiwe angafundwa ngeminwe;

1.2 "Ikhomishana" isho uKhomishana ye-FSCA;

1.3 "UMthethosisekelo" usho uMthethosisekelo waseRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika wonyaka we-1996;

1.4 "I-EXCO" isho iKomidi Eliphethe le-FSCA;

1.5 "I-FSCA" isho isiPhathimandla Sokuziphatha Komkhakha Wezezimali, okuyinhlangano yezomthetho eyasungulwa ngokwesahluko sama-56 soMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wonyaka we-2017 (uMthetho we-9 wonyaka we-2017);

1.6 "ukuhumusha" kusho isenzo sokuguqula inkulumo isuka kolunye ulimi iye kolunye ulimi oluqondiwe ngendlela ekhulunywayo noma esayiniwe, "ukuhumusha" kunencazelo efanayo;

1.7 "ulimi lokurekhoda" lusho ulimi olusemthethweni olukhethelwe ukugcina amarekhodi noma ukugcina amarekhodi e-FSCA;

1.8 "UNgqongqoshe" usho uNgqongqoshe Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko;

1.9 "Ubuliminingi" busho ukusetshenziswa kwezilimi ezintathu noma ngaphezulu ngumuntu ngamunye noma iqembu labantu;

1.10 "Inqubomgomo" isho le Nqubomgomo Yezilimi;

1.11 "IRiphabhulikhi" isho iRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika;

1.12 "I-SASL" isho uLimi Lwezandla lwaseNingizimu Afrika;

1.13 "uchwepheshe omkhulu wezilimi" usho umsebenzi we-FSCA ophethe uphiko lwezilimi zomnyango Wezinsizakalo Zezilimi Nezokuxhumana;

1.14 "uMthetho" usho uMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni wonyaka we-2012 (uMthetho we-12 wonyaka we-2012); futhi

1.15 "ukuguqula" kusho isenzo sokudlulisa umbhalo obhalwe ngolimi oluthile usiwe olimini oluhlosiwe, kanti igama elithi "ukuguqula" kunencazelo ehambisana nalokho.

## 2. ISENDLALELO

2.1 UMthethosisekelo waseRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika wonyaka we-1996 ("uMthethosisekelo"), uqaphela izilimi ezisemthethweni eziyi-12, okuyisiNgisi, isiBhunu, isiTshivenda, iXitsonga, isiPedi, isiTswana, isiSotho, isiZulu, isiXhosa, isiNdebele, isiSwati kanye noLimi Lwezandla lwaseNingizimu Afrika (i-SASL); uqaphela ukusetshenziswa kanye nesimo esinciphile sezilimi zendabuko futhi udinga umbuso ukuthi uthathe izinyathelo ezisebenzayo nezinhle zokuphakamisa isimo kanye nokuthuthukisa ukusetshenziswa kwalezi zilimi. UMthethosisekelo uphinde udinge zonke izilimi ezisemthethweni ukuba zijabulele ukuhlonishwa ngokulinganayo futhi ziphathwe ngokulinganayo.

2.2 Kulokhu, uMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni wonyaka we-2012 (uMthetho we-12 wonyaka we-2012) ("uMthetho"), umenyezelwe ukuze kukhuthazwe ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni ekuxhumaneni namalungu omphakathi; ukuze kuhlinzekelwe ukulawulwa nokuqapha ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni nguhulumeni kazwelonke ngezinhloso zikahulumeni; ukufuna ukwamukelwa kwenqubomgomo yezilimi ngumnyango kazwelonke, uhlaka lukahulumeni kazwelonke kanye nebhizinisi likahulumeni kazwelonke; kanye nokuhlinzekela ukusungulwa kophiko/igatsha lezilimi lomnyango kazwelonke, uhlaka lukahulumeni kazwelonke kanye nebhizinisi likahulumeni kazwelonke.

2.3 UMthetho usebenza kuzo zonke izinhlangano zikahulumeni kazwelonke. IsiPhathimandla Sokuziphatha Komkhakha Wezezimali (i-FSCA) iyinhlangano kahulumeni kazwelonke ebhalwe kwiSheduli yesi-3 yoMthetho Wokuphathwa Kwezezimali Zomphakathi wonyaka we-1999 (uMthetho woku-1 wonyaka we-1999) ("i-PFMA"). Ngakho-ke, le Nqubomgomo yakhiwe yi-FSCA ngokuhambisana nemibandela yalo Mthetho.

## 3. INHLOSO

Inhloso yale Nqubomgomo ukuchaza ukuthi i-FSCA izohambisana kanjani noMthetho futhi isebenzise izilimi ezisemthethweni ukuthuthukisa insizakalo ezitholwa amalungu omphakathi ezikhungweni ezinkulu nezilawulwayo, kanye nokuthuthukisa amazinga okuthobela imithetho.

## 4. AMATHULUZI OMTHETHO

4.1 UMthethosisekelo waseRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika wonyaka we-1996 ("uMthethosisekelo")

4.2 UMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wonyaka we-2017 (uMthetho we-9 wonyaka we-2017)

4.3 UMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni wonyaka we-2012 (uMthetho we-12 wonyaka we-2012) ("uMthetho")
4.4 UMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni wonyaka we-2013
4.5 UMthetho WaseNingizimu Afrika Womkhandlu Wabasebenzi Bezilimi wonyaka we-2014 (uMthetho wesi-8 wonyaka we-2014)
4.6 UMthetho Wokukhuthaza Ukufinyeleleka Kolwazi wonyaka we-2000 (uMthetho wesi-2 wonyaka we-2000)
4.7 UMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi wonyaka we-1999 (uMthetho woku-1 wonyaka we-1999) ("i-PFMA")

## 5. UBUKHULU NENDAWO YOKUSEBENZA

Inqubomgomo isebenza kubo bonke abasebenzi be-FSCA, okubandakanya osonkontileka kanye nanoma ubani owenza umsebenzi egameni le-FSCA.

## 6. UMQONDO OLAWULA LENQUBOMGOMO

Le Nqubomgomo ibekwe yisahluko sesi-4 soMthetho, ngale ndlela elandelayo:

6.1 Isahluko sesi-4(1) sihlinzekela ukuthi yonke iminyango kazwelonke, izinhlaka zikahulumeni kazwelonke kanye nezinkampani zikahulumeni kazwelonke zifanele zamukele inqubomgomo yezilimi mayelana nokusebenzisa kwazo izilimi ezisemthethweni;

6.2 Isahluko sesi-4(2) sihlinzeka ngokuthi inqubomgomo yezilimi eyamukelwe ngokwesahlukwana soku-(1) sifanele–

6.2.1 ukuhlonza okungenani izilimi ezintathu ezisemthethweni ezizosetshenziswa umnyango kazwelonke, uhlaka lukazwelonke noma inkapani kahulumeni kazwelonke ngezinhloso zikahulumeni;

6.2.2 ukucacisa ukuthi izilimi ezisemthethweni zizosetshenziswa kanjani ekuxhumaneni ngempumelelo nomphakathi, kwizaziso ezisemthethweni, kwizincwadi zikahulumeni kanye nokuxhumana phakathi kuhulumeni kanye nohulumeni;

6.2.3 ukuchaza ukuthi umnyango kazwelonke, uhlaka lukazwelonke lukahulumeni noma inkampani kazwelonke kahulumeni izoxhumana kanjani ngempumelelo namalungu omphakathi olimi lwawo alukhethile okungelona olunye lwezilimi ezisemthethweni ezikhethiwe;

6.2.4 ukuchaza ukuthi amalungu omphakathi angafinyeleleka kanjani kwinqubomgomo yezilimi;

6.2.5 ukuhlinzeka ngendlela yezikhalazo ukuze amalungu omphakathi akwazi ukufaka izikhalazo mayelana nokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni ngumnyango kazwelonke, uhlaka lukazwelonke lukahulumeni noma inkampani kazwelonke kahulumeni; futhi

6.2.6 ishicilelwe kuGazethi ngokushesha okukhulu ngokunokwenzeka, kodwa kungakapheli izinsuku ezingama-90 kusukela ngesikhathi sokwamukelwa kwayo.

## 7. IMIGOMO

Imigomo esekela le Nqubomgomo yilena elandelayo:

7.1 Ukuzibophezela ekuthatheni izinyathelo zokuphakamisa izinga kanye nokuthuthukiswa kokusetshenziswa kwezilimi zendabuko.

7.2 Ukuzibophezela ekuthuthukisweni kwazo zonke izilimi eRiphabhulikhi ukuze kuqinisekiswe ukuhlonishwa okufanayo kanye nokuphathwa ngokulinganayo kwezilimi ezisemthethweni njengoba kudingwa uhlelo lwethu lwentando yeningi.

7.3 Ukuqashelwa kokusetshenziswa kwezilimi eziningi njengensiza zokukhulisa ubudlelwano bokusebenzisana ekwakheni isizwe, ekuthuthukisweni komnotho kanye nobumbano lomphakathi.

7.4 Ukugqugquzelwa kokuphathwa kahle kolimi yi-FSCA ukuze kuqinisekiswe ukuphathwa kahle kwemisebenzi kahulumeni okuhlangabezana nezidingo zomphakathi futhi kuqinisekise ukufinyeleleka okulinganayo kwezinsizakalo nolwazi lwe-FSCA.

7.5 Ukuvinjelwa kokusetshenziswa kwanoma yiziphi izilimi ngezinhloso zokuxhashazwa, ukubusa kanye nokucwasa ngaphakathi e-FSCA.

7.6 Ukuzibophezela ekuqinisekiseni ukuthi izinkundla zedijithali ze-FSCA kanye nokushicilelwe ku-inthanethi kuyafinyeleleka futhi kusetshenziswe izethameli ezihlukahlukene, kubandakanya nabantu abaphila nokukhubazeka, ngokuhambisana nezinqubo ezihamba phambili ezithuthukayo zokufinyeleleka kwedijithali.

7.7 Ukuzibophezela ekusebenziseni izimiso zolimi olulula kukho konke ukuxhumana okubheke umphakathi, ikakhulukazi lezo eziqondiswe kumakhasimende ezezimali. Ulimi lobuchwepheshe noma lomthetho luzogwenywa lapho kungenzeka khona futhi, lapho lungenakugwenywa, luyohambisana nezincazelo ezicacile noma izifinyezo.

## 8. UHLOBO LOMSEBENZI WE-FSCA

I-FSCA iyisikhungo esizimele esisungulelwe ukulawula kanye nokwengamela ukuziphatha kwemakethe yezikhungo zezezimali eNingizimu Afrika. Njengoba kushiwo esahlukweni sama-57 soMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wonyaka we-2017, izinhloso ze-FSCA yilezi–

8.1 ukuthuthukisa nokusekela ukusebenza kahle nobuqotho bezimakethe zezimali; futhi

8.2 ukuvikela amakhasimende ezezimali ngoku:–

8.2.1 ukukhuthaza ukuphathwa kahle kwamakhasimende ezezimali yizikhungo zezezimali;

8.2.2 ukunikeza amakhasimende ezezimali kanye nabangaba amakhasimende ezezimali izinhlelo zemfundo yezezimali, kanye nokukhuthaza ulwazi lwezezimali kanye nekhono lamakhasimende ezezimali kanye nabangaba amakhasimende ezezimali ukuthatha izinqumo eziphuzile zezezimali; kanye

8.3 nokusiza ekugcineni uzinzo lwezezimali.

## 9. IZILIMI EZISEMTHETHWENI ZE-FSCA

### 9.1 Ukwamukelwa kwezilimi ezisemthethweni yi-FSCA

9.1.1 UMthetho udinga i-FSCA ukuthi yamukele inqubomgomo yezilimi ehlonza okungenani izilimi ezintathu ezisemthethweni ezozisebenzisela "izinhloso zikahulumeni". Lokhu kubhekisela ezilimini okufanele zisetshenziswe kakhulu lapho kukhulunywa namalungu omphakathi.

9.1.2 Ekuhlonzeni izilimi ezisemthethweni, i-FSCA inxuswe phakathi kokunye ukuthi icabangele ukukhuthazwa kwezilimi zendabuko ezazishiywe ngaphandle phambilini.

9.1.3 Ekunqumeni ukuthi yiziphi izilimi ezisemthethweni okufanele zisetshenziswe, i-FSCA izoqondiswa kuzo zonke izimo yizici ezilandelayo:

9.1.3.1 Ukusebenziseka;

9.1.3.2 Izindleko ezihlobene nakho;

9.1.3.3 Indawo yezwe;

9.1.3.4 Izintshisekelo zomphakathi kanye/noma iqembu elithile eliqondiwe; kanye

9.1.3.5 Nokukhona kwe-FSCA.

9.1.4 Nakuba i-FSCA iqaphela zonke izilimi ezisemthethweni zaseRiphabhulikhi, lezi zilimi ezilandelayo zamukelwe:

9.1.4.1 **IsiNgisi (ulimi lokuxhumana);**

9.1.4.2 Eqenjini lolimi lwesiNguni (isiZulu, isiNdebele, isiSwati kanye nesiXhosa), isiZulu samukelwe;

9.1.4.3 Eqenjini lolimi lwesiSotho (isiSetswana, isiPedi kanye nesiSotho), isiSetswana samukelwe;

9.1.4.4 **ITshivenda, olunye lwezilimi ezazincishwe amathuba phambilini ezingezona ezeqembu lolimi, samukelwe; kanye**

9.1.4.5 **NesiBhunu, olunye lwezilimi ezingezona ezeqembu lolimi, naso samukelwe.**

9.1.5 I-FSCA izoqinisekisa ukuthi isebenzisa izilimi ezishiwo esahlukweni sesi-9.1.4 ngezinhloso zikahulumeni njengoba kuchaziwe esahlukweni 9.2.4 ngezansi.

## 9.2 Ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni yi-FSCA

9.2.1 Incazelo yokuthi yiziphi izilimi ezizosetshenziselwa izinhloso zomsebenzi kanye nokuxhumana namalungu omphakathi, fuhti indlela ezosetshenziswa ngayo lezo zilimi, ichazwe ngezansi.

### 9.2.2 Izinhloso zomsebenzi

I-FSCA yamukela isiNgisi njengolimi olukhulu lokuxhumana kanye nolimi olurekhodela izinjongo zomsebenzi -

9.2.2.1 ukuxhumana namakhasimende ayo ahlukahlukene (abathengi kanye nezinhlangano ezilawulwayo) ngokuhambisana nokugunyazwa kwayo;

9.2.2.2 mayelana nokuxhumana kwangaphakathi ngaphakathi e-FSCA; kanye

9.2.2.3 ngokuphathelene nokuxhumana kwayo nohulumeni kanye/noma nePhalamende ngokusebenzisa uNgqongqoshe othintekayo.

9.2.3. Ezimweni lapho imibhalo okuhloswe ukuba ikhiqizwe ngesiNgisi kuphela icelwa nganoma yiluphi ulimi olusemthethweni ngaphandle kwesiNgisi, i-FSCA izokwenza ukuguqulwa okufingqiwe kutholakale, ngokuhambisana nesigaba se-9.1.3 ngenhla.

### 9.2.4 Izinhloso zikahulumeni

I-FSCA izosebenzisa isiNgisi kanye nezilimi ezisemthethweni ezishiwo ku-9.1.4 ngokwesimo ngasinye ngezinhloso ezilandelayo:

9.2.4.1 Ukuxhumana namalungu omphakathi, kokubili ngomlomo nangokubhaliwe, okubandakanya, phakathi kokunye, izaziso zomphakathi kanye nezimemezelo, izimpawu zolwazi zomphakathi, izikhungo nezinsizakalo ezikhomba izimpawu (izinguqulelo ezifingqiwe uma kunemibhalo yobuchwepheshe);

9.2.4.2 Ukuxhumana nabezindaba (isib. okushicilelwe, umsakazo, ithelevishini, i-podcast, iwebhusayithi) – kuye ngenhloso kanye neplatifomu.

9.2.4.3 Izincwadi ezisemthethweni kanye nezincwadi;

9.2.4.4 Eminye imisebenzi yokubandakanya abathintekayo; kanye

9.2.4.5 Nezingqungquthela zomphakathi noma ukubonisana kanye nezinye izinqubo ezisemthethweni.

9.2.5 **Ukufunda Komthengi**

Naphezu kwesahluko se-9.1.3 ngenhla, i-FSCA izothatha izinyathelo ezifanele neziphusile ukuqinisekisa ukuthi iqhuba ukufundiswa kwabathengi kanye nemihlangano yolwazi lwezezimali ngezilimi eziningi ezisemthethweni ngokunokwenzeka, icabangela ukukhethwa kolimi umphakathi ohambela leyo mihlangano. Ngaphezu kwalokho, i-FSCA izoba nezinsizakusebenza ezibalulekile zokufundiswa kwabafundi ngezezimali ezihunyushwe kuzo zonke izilimi ezisemthethweni futhi zishicilelwe kwiwebhusayithi yayo ku-http://www.fscamymoney.co.za ngokuhambisana nomyalelo we-FSCA wokufundisa abathengi.

9.2.6 **Isikhungo Sezincingo**

Isikhungo sezincingo se-FSCA sizolwela ukuvumela ukuxhumana namalungu omphakathi ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseRiphabhulikhi njengoba zihlongozwe esahlukweni sesi-2.1 sale Nqubomgomo.

9.3 **Ukuhlinzekwa kwezinsizakalo ngolimi olungesilo olusemthethweni olwamukelwe yi-FSCA**

9.3.1 Lapho ilungu lomphakathi lifisa ukuthola izinsizakalo ngolimi olusemthethweni ngaphandle kwezilimi ezisetshenziswayo (isib. encwadini), ilungu elinjengaleli lifanele lazise i-FSCA ngokubhalwe phansi ngesicelo esinjengalesi, esibhekiswe kuchwepheshe wezilimi omkhulu. I-FSCA izokwenza amalungiselelo okuhlangabezana nesicelo esinjengalesi zingakapheli izinsuku zokusebenza ezingama-30 ngemuva kokuthola isicelo.

9.3.2 Ezimweni zokuxhumana ngomlomo, njengemihlangano kanye nanoma yimiphi eminye imicimbi lapho kudingeka khona ukuhumusha, isicelo sifanele senziwe ngokubhalwe phansi futhi okungenani ezinsukwini ezingama-30 zokusebenza ngaphambi kwaleso senzakalo.

9.4 **Ukuhlinzekwa kwezinsizakalo ze-SASL neze-Braille**

I-FSCA izothatha izinyathelo ezifanele nezisebenzayo zokufaka izinto zokufinyeleleka, okubandakanya ukuhumusha kwe-SASL, amafomethi omsindo kanye nezinye izindlela ezifinyeleleka kalula njenge-Braille, ekuhleleni kwayo ukuxhumana, ikakhulukazi ekubandakanyekeni okukhulu komphakathi kanye nokuqukethwe noma izinhlelo zokufundisa abathengi ngokuhambisana nesahluko sesi-9.1.3 ngenhla.

## 10. INHLANGANO NOKWAKHEKA KWEZINSIZA ZOLIMI ZAKWA-FSCA

10.1 Njengoba kudingwa yisahluko sesi-7 soMthetho, i-FSCA yasungula imisebenzi wezinsizakalo zolimi ngonyaka we-2014, manje osufakwe

eMnyangweni Wezokuxhumana. Indima yalo msebenzi ukuhlinzeka ngokuphathwa okuhle kolimi ngaphakathi e-FSCA nokuqinisekisa ukubandakanywa kanye nokuvikelwa kwabathengi bezinsizakalo zezimali ngezinsizakalo zolimi ezisebenzayo.

10.2 Umsebenzi wezinsizakalo zolimi ze-FSCA uphethwe uchwepheshe wezilimi omkhulu, osekelwa ngabanye abasebenzi njengoba kungadingwa yi-FSCA ngezikhathi ezithile. Unezinsiza ezanele zokusekela ukunikezwa kwezinsizakalo zawo ngempumelelo nangokuhambisana nomthetho.

10.3 Umsebenzi wezinsizakalo zolimi ukuqapha njalo ukusetshenziswa kwale Nqubomgomo, kubandakanya imikhuba yezicelo zolimi, yezikhalazo kanye nezidingo zokufinyeleleka futhi unikeze imibiko yangaphakathi ukusekela intuthuko eqhubekayo.

## 11. UKUQEQESHWA NAMAKHONO

Ukuze kufezwe ukusetshenziswa kobungcweti nokusebenza kahle kwale Nqubomgomo, uMnyango Wezokuxhumana uzoqinisekisa ukuthi kunokuqeqeshwa okwanele kanye namandla okwenza umsebenzi wawo.

## 12. UKUSHICILELWA NOKUTHOLAKALA KWALE QUBOMGOMO

12.1 Le Nqubomgomo izoshicilelwa ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseRiphabhulikhi.
12.2 Izotholakala kwiwebhusayithi ye-FSCA: www.fsca.co.za.
12.3 Izotholakala nge-Braille noma ngomsindo kwibhusayithi ye-FSCA.
12.4 Isifinyezo sale Nqubomgomo sizophanyekwa ehhovisi le-FSCA ngendlela eyenza sibonakale emphakathini.
12.5 Ngaphezu kwalokho, izinguqulo ezinyathelisiwe zizotholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni ezakhiweni ze-FSCA.

## 13. INQUBO YOKUFAKA IZIKHALAZO

13.1 Nanoma yimuphi umuntu ongagculisekile ngesinqumo se-FSCA mayelana nokusetshenziswa kwayo kwezilimi ezisemthethweni angafaka isikhalazo ngokubhalwe phansi, esiqondiswe kuKhomishana.

13.2 Isikhalazo kumele sifakwe–
- 13.2.1 ngokubhala;
- 13.2.2 kungakapheli izinyanga ezintathu kuvele isikhalazo;
- 13.2.3 usho igama, ikheli, kanye nemininingwane yokuxhumana yomfakisikhalazo; futhi
- 13.2.4 kunikezwe incazelo ephelele nelandayo yesikhalazo.

13.3 UKhomishana noma isisebenzi omkhulu ogunyazwe uKhomishana angacela umfakisikhalazo ukuthi anikeze noma yiluphi olunye ulwazi oludingekayo ukuze kucutshungulwe isikhalazo futhi eze emhlanganweni ngenhloso yokwenza uphenyo lomlomo mayelana nesikhalazo.

13.4 UKhomishana uzosicubungula isikhalazo futhi athathe isinqumo, kungakapheli izinyanga ezintathu isikhalazo sifakiwe, bese azisa umfakisikhalazo ngesinqumo.

13.5 **Imininingwane yokuxhumana ne-FSCA**

| | |
|---|---|
| Isikhungo sezingcingo: | 0800 20 37 22 |
| Ucingo (iswishbhodi): | 012 428 8000 |
| I-imeyili: | communications@fsca.co.za |
| Ikheli leposi: | PO Box 35655, Menlo Park, 0102 |
| Ikheli lendawo: | Riverwalk Office Park, Block B, 41 Matroosberg Road (Corner Garsfontein and Matroosberg Roads), Ashlea Gardens, Extension 6, Menlo Park, Pretoria |
| Iwebhusayithi: | www.fsca.co.za |

## 14. INQUBO YOKUDLULISWA KWEZIKHALAZO

14.1 Umfakisikhalazo ongagculisekile ngesinqumo sikaKhomishana angafaka isicelo sokudluliswa kwesikhalazo (i-aphili) eKomidini Elikhulu (i-EXCO) le-FSCA.

14.2 Isicelo sokudluliswa kwesikhalazo esithunyelwe kwi-EXCO sifanele siqondiswe kwi-EXCO ngokusebenzisa iHhovisi Likanobhala futhi sifakwe kungakapheli inyanga eyodwa kusukela ngesikhathi kuthathwa isinqumo.

14.3 Imibandela yesigaba se-13.2 sale Nqubomgomo izosebenza (ngokuguqulwa okudingekayo) esicelweni sokudluliswa kwesikhalazo esifakwe ngokwesigaba se-13.1.

## 15. UKUBUYEKEZWA KWEQUBOMGOMO

Le Nqubomgomo izobuyekezwa njalo eminyakeni emibili.

## 16. UKUGUNYAZWA

Le nqubomgomo yezilimi yakamuva ye-FSCA, egunyazwe yi-EXCO ye-FSCA mhla zi-27 Mashi 2026.